ISikhungo Sezinhlabamkhosi Zesizwe, esiseWashington, D.C., siyi-NGO ehamba phambili emkhakheni womthetho wokuhlaba umkhosi. Besilokhu sisebenza ukubikezela nokukhokhela izinhlabamkhosi izibonelelo iminyaka engaphezu kwengu-30 .

**Yini Inhlabamkhosi?**
Inhlabamkhosi umuntu obika ukukhohlakala, ukufumbathiswa kwezikhulu zikahulumeni, ubugebengu bezemvelo, noma okunye ukwephulwa komthetho emagunyeni afanelekayo, ngokuvamile ezifaka yena engozini. Ngaphansi kwemithetho ethile, ama-NGO nawo abhekwa "njengezinhlabamkhosi."

**Izinhlabamkhosi Zingamandla Amakhulu Ekulweni Nokushushumbiswa Kwezemvelo!**
Eminyakeni yamuva, kube nokwanda okuphawulekayo kobugebengu bezemvelo, okuye kwasongela ukulondeka nokuzinza kwamazwe amaningi. Ukushushumbiswa kwezemvelo kuyimboni yomhlaba wonke ebiza izigidi eziningi zamadola, kanti bambalwa kakhulu ababoshwayo nabathola izigwebo.
Ukukhokhela izinhlabamkhosi izibonelelo, labo abanolwazi lwangaphakathi, kuzoguqula ukutholakala kobugebengu bezemvelo, kwandise ukusebenza kwengalo yomthetho nokubambisana nomthetho, futhi kuqede ukuphela kwezemvelo.

**Ukubika Ubufakazi Bobugebengu Bezemvelo**
Ungase ucabangele ukuhlaba umkhosi ngobugebengu bezemvelo uma unolwazi lokuzibonela lokwephulwa komthetho namaphepha aqinisekisa izenzo ezingekho emthethweni.
Ukuqoqa nokuhlela ubufakazi bobugebengu bezemvelo obubonayo kubalulekile. Amanxusa engalo yomthetho athambekela ngokwengeziwe ekuhloleni ukuqwashiswa uma kusekelwa ubufakazi obuphathekayo:

- Izithombe
- Ama-imeyili
- Amakhadi Amabhizinisi
- Imibiko Yezesayensi
- Amarekhodi Okukhokhiswa
- Idatha Yamabhajethi Neyezimali
- Imibiko Yangaphakathi
- Amaphuzu Emihlangano
- Okuqoshiwe Kwe-video & Kwamazwi
- Imiphumela Yokuhlola Kwezesayensi
- Imizila Yokushushumbisa & Izindlela Zokuhamba
- Ulwazi Lwe-akhawunti Yasebhange
- Ubufakazi Bokufumbathisa Nokukhwabanisa Izimali

Abantu abanolwazi ngokuphathelene nokwephulwa kwemithetho yokuvikela ezemvelo KUNOMA YILIPHI izwe kutuswa ngokuqinile ukuba bathole abameli ukuze baqiniseke ukuthi ulwazi lwabo luphathwa ngokulondekile.

**Imivuzo Yezinhlabamkhosi**
Izinhlabamkhosi emhlabeni wonke ziye zathola ngaphezu kuka-$30 million ngokubika ukufumbathiswa kwezikhulu zakwamanye amazwe ngaphansi kwemithetho yase-U.S. yokukhokhwa kwemivuzo.

Uhulumeni wase-U.S. uye wakhokha ngaphezu kuka-$31.8 million kuzinhlabamkhosi zangaphandle kwase-U.S. ezabika ukungcoliswa kwezilwandle.
I-NWC's Global Wildlife Whistleblower Program isebenzisa izimiso zemithetho yezinhlabamkhosi njenge-Lacey Act, Foreign Corrupt Practices Act, ne-False Claims Act ukuze ikhokhele abangaphakathi izibonelelo ukuze babike ukushushumbisa nobunye ubugebengu bezemvelo.

**Imivuzo Nokuvikelwa Kwezinhlabamkhosi**
Kunemithetho yase-U.S. eqinile, esebenza emhlabeni wonke, eyakhelwe ukulwa nobugebengu bezemvelo enezimiso ezinamandla zokuvuzwa kwezinhlabamkhosi.

Le mithetho yokukhokhwa kwemivuzo isekela izinhlabamkhosi emhlabeni wonke ezidalula ukwephulwa kwemithetho emikhulu yezemvelo evikela izilwane, izinhlanzi, izitshalo kanye nokunye okusengozini yokuphela ekuvunweni ngokungemthetho, ekushushumbisweni nasekungenisweni e-United States, noma ngabantu base-U.S. noma izinkampani ezihlobene ne-U.S.

I-NWC's Global Wildlife Whistleblower Program inikeza indlela ye-internet elondekile neyimfihlo ngokuphelele lapho abantu emhlabeni wonke bengabika ubugebengu bezemvelo, bese ihlangananisa izinhlabamkhosi nabameli abangasiza ekuhambiseni imibiko yabo emagunyeni ase-U.S. futhi bafake izicelo zemivuzo ngaphansi komthetho/kwemithetho efanele yase-U.S.

Ukuze ufunde okwengeziwe ngalolu Hlelo, nendlela ongahambisa ngayo umbiko futhi uxhumane nommeli usebenzisa i-NWC's Wildlife Attorney Referral Service (ARS), sicela uvakashele ku-: www.whistleblowers.org/wildlife.

*I-NWC's Global Wildlife Whistleblower Program yawina uMklomelo Omkhulu kwi-2016 Wildlife Crime Tech Challenge, eyayenziwe yi-USAID ibambisene ne-National Geographic Society, i-Smithsonian Institution, ne-TRAFFIC. Lolu Hlelo lwathola futhi uxhaso olukhulu kwi-*
*The Wildcat Foundation.*